



# IGOLIDE LIKAMKHULU

Le ncwadi ingeka:

---









*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).*

*Igolide likaMkhulu*

Illustrated by Elsabé Milandri

Written by Kerry Saadien-Raad

Designed by Mathilde de Blois

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 28 June 2014.

ISBN: 978-1-928365-78-5

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.








**KERRY SAADIEN-RAAD  
ELSABÉ MILANDRI MATHILDE DE BLOIS**

# **IGOLIDE LIKAMKHULU**





Abantwana bezilwane  
babekhuluma ngomkhulu babo.








“Umkhulu wami angakha  
umbhoshongo oya esibhakabhakeni,”  
kusho uNdlulamithi.

“Wake wakhela inkosi isakhiwo  
esphakeme kakhulu.”








“Umkhulu wami ukwazi  
ukudoba noma yini  
olwandle,” kusho uNgulule.

“Wake wabamba umkhoma  
wawugcina ebhavini.”











“Umkhulu wami ukwazi ukugibela aye emafini esibhakabhakeni,” kusho uMbuziyentaba.

“Wacaca intaba ephakeme ukudlula zonke emhlabeni, emahoreni amane nje.”








“Umkhulu wami ukwazi  
ukuphekela idili,” kusho uNdlovu.

“Wake waphekela idili lokuzalwa  
kukamongameli – yedwa.”





“Hhayi-ke, umkhulu wami akakwazi ukwakha noma ukudoba noma ukugibela izintaba noma ukupheka,” kusho uNkawana.

“Kodwa ungumnikazi wegolide. Ulifihla emlonyeni wakhe. Ebusuku ulicwilisa engilazini yamanzi.”










“Cha, akakwenzi lokho!”

“Yebo, uyakwenza!”

“Cha, akakwenzi lokho!”








“Kulungile-ke, wozani siyobona uma ningangikholwa,” kusho uNkawana.






Ngakho-ke abantwana  
bezilwane bahamba bayobona  
umkhulu kaNkawana.








“Niyabona-ke,” kusho uNkawana.

“Uyakwazi ukukhipha igolide  
emlonyeni wakhe.”










“Cha, ngeke akwenza lokho!”  
kumemeza izilwane.











“Waaa!” kusho uMkhulu uNkawu  
ekhipha amazinyo akhe!







“Kanti njalo  
kunamazinyo anele  
wonke umuntu!”



